

## USARS UHLONZE ISIBALO ESIPHEZULU NGOKUNGAJWAYELEKILE EKUBHALISWENI OKUSOLISAYO KWE-VAT

**Tshwane, 11 kuNhlaba 2023** – USARS uzinikele ekukhokheni izimali ezibuyiswayo ezisemthethweni kubakhokhintela abafanelekayo uma zikhona okumele zikhokhwe. Ngokuhambisana nalokhu kuzinikela kunyakamali wezi-2022/23 kukhokhwe u-R381bn wezimali ezibuyiswayo kanti kuzo u-R319bn bekungowe-VAT.

USARS uwuqaphele umkhuba wokubhaliswa okusolisayo okwenziwa abathengisi ababhalisele i-VAT. Enyangeni uMbasa, ikakhulukazi, sibone ukukhula okukhulu okuholele ekutheni sibuyekeze ngokushesha inqubo yethu yokubhalisa. Inhlososus esemqoka nomgomo wokwakheka kwenkundla yokuphatha ukwenza ukubhalisa kube lula. Lokhu kumele kulinganiseke nobungozi bokungasetshenziswa ngendlela nemizamo yabantu yokuthola inombolo ye-VAT bese benza izicelo zomgunyathi zezimali ezibuyiswayo. Siqasheliswe uhlelo lwethu lokulawula ubungozi ukuthi isibalo sokubhaliselwa kwentelantengo sinyuke kakhulu, okwenze kwasolisa. Ukuhlaziya kwethu kuveze ukuthi isibalo esikhulu sokubhaliswa kwentelantengo kwenziwa ngenhloso yokukhwabanisela uSARS nabakhokhintela, ngendlela engaqondile ngqo.

Ngenxa yokubheka kwethu ukubhaliselwa kwe-VAT, nokunyuka okungase kube khona kokukhwabanisa, lokhu okulandelayo kuzoqaliswa ukusetshenziswa khona manje.

- Zonke izicelo ezintsha zokubhalisela i-VAT sezizolandela inqubo yokubhalisa eqinile engase ibandakanye nezidingo zokuthi umfakisicelo eze yena siqu egatsheni eliseduze naye lapho ibhizinisi likhona lapho kuzokwenziwa isiqinisekiso kuphinde kugunyazwe khona isicelo lesa.
- Lapho abafakizicelo kulindeleke ukuba baye egatsheni, kumele babeke usuku lokuvakashela igatsha kusizindalwazi sakwaSARS, ngokucofa ikinobho elithi “*Book an Appointment*”.
- Wonke amadokhumenti asekelayo adingekayo ukuze kuqinisekise ukubhalisa kumele alethwe egatsheni ngosuku olubekiwe lokuvakashela igatsha.
- Ukubhaliselwa kwe-VAT kuzoqala ukusebenza kuphela emva kokuba uSARS uzanelisile ngokuthi isicelo lesa sisemthethweni.

USARS ukulungele ukuthwesa amacala lezi zigilamkhuba. Labo abantshontsha emalini bakhulisa umthwalo kithi laba abathembekile ekukhokheni izintela zethu.

UKhomishana wakwaSARS uMnu Edward Kieswetter ukhiphe isexwayiso esiqinile kulabo ababandakanyeka kulobu bugebengu. Uthe: “USARS ukhulisa imizamo yawo yabantu ngokusebenzisa imininingo, ubusingabuhlakani kanye nokufunda ngomshini izibalo ukukwenza ngcono ikhono lawo lokuhlonda labo ababandakanyeka ezenzweni zobugebengu. Labo abasithatha kancane, bazibeka bona engozini. Phezu kwalokho,

ngifisa ukuxolisa kubakhokhintela abathembekile ngokuphazamiseka okungase kubangelwe yilokhu”.

“USARS uyisikhungo esibalulekile ekwakhiweni kwesizwe nasekuqiniseni intando yethu yeningi ngokwenza umsebenzi wawo wokuqoqa imali, ukuthuthukisa ukuthobela, nokuxhumanisa uhwebo olusemthethweni ukulekelela ekwakheni umbuso okhonayo. USARS wenza umyalelo wawo ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ukubandlulula.”

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [Sarsmedia@sars.gov.za](mailto:Sarsmedia@sars.gov.za)